USUKU LWENKULULEKO

Ngo-Epreli sigubha uSuku Lwenkululeko. Awuzwe la maqiniso athokozisayo ngezwe lethu elihle.

27 EPRELI USUKU LWENKULULEKO

Minyaka yonke sigubha isikhathi iNingizimu Afrika eyaba ngaso nokhetho olukhululekile okokuqala lapho, ngokokuqala ngqa, abantu babo bonke ubuhlanga bavota khona. Lwaba khona ngomhlaka-27 Epreli 1994.



Owayengumongameli uNelson Mandela evota okhethweni lwango-1994. Kwakungokokuqala evota empilweni yakhe.

INGABE BEWAZI?

INingizimu Afrika yaziwa **ngeSizwe Esinjengothingo.** Lokhu kwenziwa ukuthi abantu abahlala lapha banamasiko amaningi.

IBHEJI LESIZWE SETHU KUHLAMVU LWEMALI OLUNGAMARANDI AMAHLANU

IFULEGE LETHU

Ifulege laseNingizimu Afrika lasetshenziswa okokuqala ngqa ngoSuku Lwenkululeko, ngomhlaka-27 Epreli 1994. Lunemibala eyisithupha: obomvu, omhlophe, oluhlaza okotshani, ophuzi, omnyama noluhlaza okotshani. Yilo kuphela ifulege lesizwe emhlabeni wonkana elinemibala eyisithupha.

Ngaso sonke isikhathi umbala obomvu kumelwe ube phezulu.

Ibheji Lesizwe

Ibheji lethu lasetshenziswa okokuqala ngoSuku lwenkululeko ngonyaka ka-2000. Liphinde laziwe ngophawu lombuso futhi lisetshenziswa ezinhlamvini zemali nakuzo zonke izincwadi ezisemthethweni, njengezitifiketi zokuzalwa, izitifiketi zesikole njalo njalo. »

IZIMPAWU ZESIZWE ENINGIZIMU AFRIKA

IMBALI

Inkosi i-protea

Le mbali inombala ophinki nobomvu. Iqhakaza sekuzophela intwasahlobo.

INGABE BEWAZI?

Iqembu lethu lekhilikithi laziwa ngama-Proteas.

ISIHLAHLA

Ukhuni Lwangempela Oluphuzi

Isihlahla esinokhuni lwangempela oluphuzi luyisitshalo esivikelwe eNingizimu Afrika. Lokho kusho ukuthi ngeke ukwazi ukusinquma noma ukusikha.

INHLANZI

I-galjoen

I-galjoen ahlala emanzini angajulile ngasogwini. Iphinde yaziwe nge-black bream noma ngenhlanzi emnyama. Lokho kwenziwa ukuthi umbala wayo—eduze namadwala, umbala we-galjoen ucishe ube mnyama ngokuphelele, futhi ezindaweni ezinesihlabathi inombala osiliva oyela kothusi.

ISILWANE

Inyamazane

Lezi zilwane ezithandekayo zinejubane elimangalisayo, zinobuso obumhlophe obunobugqa omnyama futhi zidla imifino kuphela, okusho ukuthi aziyidli inyama.

INGABE BEWAZI?

Iqembu lethu lerabhi libizwa ngeziNyamazane (Springboks).

INYONI

I-blue crane

Le nyoni enombala oluhlaza okwesibhakabhaka nompunga itholakala kuphela eNingizimu Afrika. Inomqala omunde nemilenze emide.

I-BIG 5

Lezi zilwane zibizwa nge-Big 5 yaseNingizimu Afrika. Ongazibona emalini yethu eyiphepha.

Izinyathi ziklaba emadlelweni amakhulu. Ziyakwazi ukuhlamba futhi zingawela emanzini ajulile.

Izindlovu ziphila iminyaka engafika ku-60 futhi ziholwa eyensikazi ekhule kunazo zonke kuzo.

Izingwe zizingela kusihlwa futhi zihlala ezindaweni ezicashile phakathi nosuku.

Amabhubesi aziwa ngamakhosi ehlathi. Anamandla futhi ayashesha futhi ahamba emaningi.

Obhejane ababoni kahle, kodwa angakwazi ukuhogela nokuzwa isitha siza sisekude.

SANIBONA, BANTWANA ETHANDA UKWAZI!

UShone Nyanandwe waseZeerust wakhe irokhethi esebenzisa ikani elidala namaphepha.

UShone wabuza: Zezinziwe ngani izinkanyezi?

Isazi sethu sithi: SInkanyezi empeleni zingamabhola amakhulu anqumayo anegesi, ngokuvamile i-hydrogen ne-helium.

Ingabe unawo umbozo ongathanda uphendulwe?

Cela kumuntu omdala ukuthumela isithombe* nombuzo wakho ngo-WhatsApp ku-076 127 6608 futhi kungenzeka siwubonise lapha. Ngeshwa asikwazi ukuphendula yonke imibuzo.

*NGOKUNGENELA IMINCINTISWANO YETHU USEBENZISA U-WHATSAPP USINIKEZA IMVUME YOBONISA NGESITHOMBE SAKHO.

KUHLANGANISWE USHAMILAH PETERSEN IZITHOMBE GALLO IMAGES/GETTY IMAGES, GALLO IMAGES/ISTOCK, WIKIPEDIA SOURCES BRITANNICA.COM, WIKIPEDIA, TANDATULA.COM/BLOG